

# ISIKHATHI SOKUBUYISA AMAPHEPHA ENTELA SOWEZI-2020 SOMUNTU NGAMUNYE

Emuzweni wokweseka isimemezelo sikaMongameli ngalolubhubhane lweCovid 19, sokuthi kumele kube nokuQhelelana phakathi kwabantu ngazo zonke izikhathi nokuthi kumele sihlale emakhaya sinciphise ukuzulazula, uSARS uphendula ngokuthukisa ngokushesha imizamo yokwenza kube lula ukubuyisa amaphepha entela kubakhokhintela abangabodwana kanjalo nokuqeda isidingo sokuhambela emaGatsheni kowezi-2020. Ngokusetshenziswa kwemininingo esiyithola kumuntu wesithathu, uSARS uzokugcwalisela yena amaphepha akho entela ngemininingo eshaya emhloveni. Lapho sinolwazi esiludingayo sizokuhlinzeka ngokuhlola okuyisiphakamiso esizobe singadingi ukuthi ubuyise amaphepha entela. Lokhu kukunika ithuba lokuthi ukwazi ukubona, wamukele noma ulungise ukuhlolwa okuyisiphakamiso ube ukwenza lokhu usekhaya lakho noma usemsebenzini usebenzisa i-[eFiling](#) noma i-SARS MobiApp.

## Izinsuku zokubuyisa amaphepha entelangeniso lomuntu ngamunye

- 1 kuMandulo kuya ku-16 kuLwezi 2020: Abakhokhintela abathumela amaphepha abo nge-[inthanethi](#)
- 1 kuMandulo kuya ku-22 kuMfumfu 2020: Abakhokhintela abangakwazi ukuthumela amaphepha abo nge-[elektroniki](#) bangakwazi ukuya egatsheni lakwa-SARS kodwa kumele [kubekwe usuku](#) abazoya ngalo
- 1 kuMandulo 2020 kuya ku-31 kuMasingana 2021: Abakhokhintela besikhashana abathumela amaphepha abo entela nge-[elektroniki](#).

## Ukuvula kokuthunyelwa kwamaphepha omuntu ngamunye

Bakhokhintela, isikhathi senu sokuthumela amaphepha entela siqala mhla lu-1 kuMandulo kulo nyaka. Izindaba ezimnandi ukuthi abakhokhintela abaningi bazohlolwa ngohlelo oluzenzekelayo kulo nyaka, kanti le nqubo izokwenzeka kuNcwaba. Asikho isidingo sokuthi usishayele ucingo, sizokuthumelela i-SMS uma kungukuthi ukhethelwe ukuhlolwa ngohlelo oluzenzekelayo. Uma ukwamukela ukuhlolwa okuzenzekelayo, uma kwenzeka ukhokheleka kushoda noma ukhokhelwe ngokweqile kuntela kuzoqhutshwa ngendlela ejwayelekile. Uma ufuna ukulungisa amaphepha entela, ungathumela amaphepha akho entela ku-eFiling kusukela mhla lu-1 kuMandulo.

## Asikho isidingo sokushaya ucingo

Bakhokhintela, izindaba zenu zentela zisezandleni ezifanele uma usebenzisa i-eFiling noma i-SARS MobiApp. Bhalisa iphrofayeli yakho manje ukuze uqinisekise ukuthi uzokwazi ukubuyisa amaphepha entela kalula. Asikho isidingo sokusishayela ucingo, [ungabhalisa ku-inthanethi](#) noma udawunilode i-MobiApp efonini noma ku-*tablet* yakho.

## Sizokwenzela thina ukubuyisa amaphepha akho entela

Bakhokhintela, mayelana nezindaba zenu zentela, siyaqhubeka nokwenza kube lula ukuthi nithobele imigomo yentela. KuNcwaba, sizobe sihlola abakhokhintela abaningi ngohlelo oluzenzekelayo. Uma uwemukela umphumela, asikho nhlobo isidingo sokuthi uthumele amaphepha akho entela. Sihlola ngohlobo oluzenzekelayo ngokusebenzisa imininingo esiyithole kubaqashi, ezikhungweni zezimali, ezinhlelweni zokwelapha, ezikhwameni zemihlalaphansi kanye nakwabanye abahlinzeka ngemininingo. Uma ungakayitholi i-IRP5/IT3(a) yakho nezinye izitifiketi ezifana nezitifiketi zezokwelapha, izikhwama zomhlalaphansi nakwabanye abahlinzeka ngemininingo ehambisana nokuthola ukuthobela kwakho izibophezelo zakho zentela, kumele uye kumqashi wakho noma uhlelo lokwelapha noma isikhwama somhlalaphansi noma lowo ongahlinzeka ngemininingo ukuze wenze isiqiniseko bathobelile izidingo zokuthunyelwa kwamaphepha entela.

[Silandele eziNkundleni zokuXhumana ukuze uthole amasu ansuku zonke ngeNtela](#) noma ubheke kuleli khasi ukuze uthole yonke imininingwane.